

606(4)

K13/158

Madondo, S.M.

1/8

11b

Agriculture in Mosinga.

K13/158

Ezolimo nezilimo (Agriculture)

Izilimo: Umbila, Amabele, Ubontshisi, Izindumba, Amantongemane, Ulokwana, Uletshisi, Ubeci, Uthanga, Amazambane, Umhlwazi, Amadumbe, Udumbedumbe, Ubatata.

Umbila:

Akuqongakali kahle ukuthi konje wavela kanjani kodwa abadala bathi ngomzekeliso kwana izulu kakhulu wabonakala usunila uyin-xubevange kanye namabele. Lmva kwalokhu abantu bawunika izinkomo zawudla kodwa omunye w sala. Baq la ukufumana ubumnandi bawo. Babuye bawuhlanganisa namabele benza isinyavolo. Abakwa Ngwane base bethi "Usomathwishi" besho ke ukuthi wazivelela. Kusukela lapho umbila waba ukudla okukhulu ungalinywa kodwa usakazwanje umile kahle, unghlakulelwa futhi nokhula lungawubulali. Usiza nezimo ng makhasi awo. Namhlanje unezinhlobonhlobo zokudla ezahlukeneyo, osiza ngazo abantu ngengalezi: imputhu, ufulawa, ifutho, izinkobe, amahewu, utshwala, nokunye okuningi.

Izinyoni ziyasizakala ngawo kanye namagundane. Uma ungavuthiwe uyaqumbisa, ungabi mnandi futhi. Umunye umbila uyashesha ukuvuthwa. Akufuneki ukuba umbila ubedlulwe ngoba uyashwabana, futhi amakhasi awo una usaqala ukuvuthwa akufuneki elukwe ngoba awuzuvut wa masinyane.

2

Imbewu akufuneko ukuba ihlale inga hlutshiwe amakhasi ngoba ayiqeda amandla. Akufuneki imbewu ephehlwe kutshalwe ngayo ng ba isuke ingasenaso isibindi. Imbewu kuhl: ilengiswe inulini ebaswayo ukuze yome kahle futhi ingaze yaphehlwa yimpehla.

Ubontshisi: Ulentshisi akuqondakali ngoba kungathi kwafika nabelungu abafika lapha kuqala noma bakuthola khona lapha kubonakala esongathi kwabe kungaziwa muntu kwazulu.

Lezike yizithelo ezejabulisa igazi nenhliziyo uma ununtu ezidlile. Abakwa Zulu bathi ukudla kwa Masoka kanti ukudla kwezishimane izindumba izingadliwa yinja ezingelayo ngoba izophenduka isilima yehlul: ke nokuzingela. Namasoka awazidli ngoba eqonda ukuthi ayophenduka izishimane uma ezidla.

Uletshisi usiza ngoba wona awu izweli ukubanda masinyane ngoba nasebusika wona yalunga nje.

Ukuze lezitshalo zithele kahle akufuneki zeqiwe noma ubani uma selishonile ilanga. 2

Amadumbe nana dumbedumbe:

K13/158

Amadumbe yilawa amakhulu kungathi ukubonakala kwawo kuqala kwaba kwa Ngobizembe ngakwa Maphumulo kude buduze nesabuyazwe. Amadumbe afuna indawo ehlala iluswe njalo.

Udumbdumbe wona ubonakala n\_oba mucane wona kunamadumbe. Wonake watholakala endaweni yase Sidumbeni, kungathi yindawo enezaqante eziningi. Uyolisa ukudla futhi inyama ibannandi kakhulu uma iphekewe wona. Nawo njenga madumb. uthenda indawo elus e njalo kodwa ayi eludaka ngoba ungabo a.

Amazambane: Afika nabelungu bokuqala ngoba amazambane alapha akwazulu kwakungamadumbe. Wonake asiza kakhulu ekwakheni umzimba futhi awayithanfa indawo emanzi ngoba ayabola. Imbewu kufuneka igqunyiswe ize imile.

Umhlwazi wona ukahle nezaqnte zasendle nawo ukutholakala kwawo wazimilela kwaze kwaya watshalwa. Ukubonakala kwawo kuqala kungathi k\_abase Hlanzeni, waze wa ngenxa yezimvula. Vonake unandisa wetheselele ubumnandi benyama uyakwazi futhi ukumela ukoma.

Ufuna ukuphe kwa kahle impela ngoba uma kungenjal uya-qumbisa futhi ube nephunga elibi.

Ubece: Ubece lo ukanye nekhabe futhi kanye neshaganja lase ndle. Uyakwazi ukumela ukoma noma izulu lingani. Uyakwazi futhi ukwenza ujamu, kodwa udinga ukuthi ivuthwe nxa kwenziwa isijingi, ngoba ub nga isisu esibi uma ungavuthwanga. Aweqiwa abantu besilisa uma kuqondonwe nokuthi uthele kahle. Ukuze imbewu ilunge kuhle yenekwe endaweni eyomileyo lapho uzokoma khona kahle.

Ulokwanji Ukvela kwawo phakathi kwezwe, wavela e Machunwini ngomnyaka ka 1932 akuqondakali kahle ukuthi wavela kanjani. Yonke indawo usuwandile, ungamabele amafushane kakhulu enza utshwala obumnandi impela.

Ubatata: Kukhona imiqondo eminingi lapha eyahlukeni ngokuba khona kuka batata: Abanye bathi watholakala eNsuze kwaZulu, abanye bathi ubatata lo ngowakwa Quabe lapho watholakala khona kuqala. Nawoke ubatata njengokudla konke usebenzela ukukhulisa ukudla emzimbeni lokhu abathi isitashi noma ingcobengcobe.

Nawo futhi unandisa inyama kodwa uyaba iba ikhakhulu usikwayimani. Ukuze uzimuke kudingeka kuthi nxa utshalwayo wenziwe anafindo.

Amantongamane: Kungathi ukuqala kwawo kwabase Tholeni nanxa abanye abadala bephikisana. Abanye bathi afika naBelungu kanti abanye bakhomba abesuthu baka Moshweshwe ukuthi afika nabo lapha kwaZulu. Wonake awayithandi indawo emanzi ngoba ayashesha ukubola uma indawo imanzi futhi athanda ukugqitshelwa ngenhla bathi elula. Asiza kakhulu ekubeni enze izinkomo zisengwe kakhulu uma ziphiwa wona uma zisengwa ngoba azenza zehlise.

5

Isikhathi sokulima wonke umuntu uyazi ukuthi umfumu iyona nyanga yokuqala ukulima futhi inyoni ethiwa uphezukomkhono iyezwakala isikhala ithi "Phezukomkhona" ibuye ithi Waolimbewu" bonke abantu besebazi ukuthi sekuyiso isikhathi sokwandulelisa Nemithi kanue notshani kuyahluma nezulu line futhi ungqoqwane. ubaleke. Umthala uyehla futhi, kufike amahlola mvula akade engasabonwa, ilanga liyenla endaweni ebeselikuyona linga sheshi futhi ukushona.

Ngo Mandulo (July) Imvama yabantu ayenzi lutho ithi ithole isikhathi sokuphumula labo asebebekile batshala ulentshisi nezimbewu zemithi futhi baqale ukuphendula amasimu abo, bengcwaba nokhula ukuze lwandise ukuvunda.

Ngo Ncwaba (August) bona futhi aba kwaziyo ukulima ban-cwaba utshani futhi, balungisele ukutshala amadumbe kanye no du-mbedumbe. Uma mvula ingahle ibekhona atshalwe amadembe ngesonto lesithathu ngesonto lokugcina abanolwazi batshala amazanbane, uthamatisi, iklabishi neminye imifino kanye nomabile ofanele udliwe ngo ngcela (December) utshalwe futhi.

Ngo Mfumu (September) umanyolo ufakwa emasiminikutshalwe amadumbe, amazanbane, ubatata, amaphuzi, ubot hisi, izindumba kanye namantongomane. Umbila owayibe lwanhlawa utshalwa emacebeni ngo lwezi / unikwe izinkomo, / ukuze inhlava ebikhona ingaphumeleli ukwenza umonakalo takathi kwezwe.

6

Ngo Zihandlela amasing ayaphendulwa futhi kutshalwe amabele nommbila esontweni lesithathu kelenyanga kuzo kuphele ngenyanga elandelayo.

Kutshalwe futhi amazambane, ubontshisi, amaphuzi or izimpuzi, ubatata, neminye.

imifino, Ogwini kutshalwa ubanana. Izitshalo zangenyanga idlule ziyahlalelwa ukuza ukhula lungabi namandla phezu kwazo, futhi luyashesha ukufa no kuhlakuleka ngoba izimpande zisuke zingakajuli ukuya phansi.

Ngo Lwezi kutshalwa umbila kanye namabele. Imbewu kawatela-umtholo nayo iyatshalwa ngalenyanga. Anantongomane nobatata kuyatshalwa futhi. Amazambane agqitshelwe ukuza abige mukelwa umhlabathi. Umbile wonke wogibe uthunazwe ngalenyanga kungasali nowodwa wawo.

Ngo Ngcola umbila uyatshalwa kuze kuphele inyanga. Kuzenzeka futhi ukuthi una usuphunile lombila ku shalwe ubontshisi ezikhaleni zombila. Kuyahlakulwa futhi kuthi amazambane nobontshisi awatshalwa ngoNcwaba uvunwe noma kudliwe. Lapho kade kutshalwa khona amazambane kutshalwa ubontshisi kuthi lapho kade kutshalwa khona ubontshisi kutshelwe amazambane. Lokhume seku tshalelwa ukuse kuthi nxa kufike a ubusika bese kudliwa futhi.

7

Ngo Ndasa (January) kutshalwa zonke izinhlobo zemifino: uwanyanisi, iklabishi, izangante kanye nezimbali. Imbewu ka tamatishi itshalwa ekupheleni kwenya. Amazambane ubontshisi, ulentshisi, ubatata nomanye futhi umbila uyatshalwa ngalenyanga. Kuya yahlakulwa kwenziwe imisele yokudonsa amanzi ezindaweni esizigcugca ngenxa yezimvula. Ogwini kutshalwa ubanana nama wolintshi.

Ufasingana inyanga oku shalwa ngayo futhi imifino:

Uletisi, isipinash, izante, utamatishi, nazimbali kanye nolentshisi, ubontshisi, uthaniphe, amazambane namadumbe agqitshelwe. Ukhula kuliwa nalo kakhulu impela ngalenyanga ikhakhulu uqadolo, idan abane kanye nogudluthukela.

Ngo Nhlaba inhlaba isuke isiqhakazile futhi zonke izilimo ezitshalwa ngo Masingana ziya tshalwa futhi. Nemithi futhi iyatshalwa ngalenyanga. Ukhula luqashelisiswa kakhulu impela, ngalenkathi futhi selwenziwa umquba ngokungewatshwa lapho sekuvunwe khona.

(March)

Ngo Mbasa utamatishi, izangante, nowanyanisi kuyatshalwa kulungiswa kugcotshwa zonke izinto zokulima.

Ngo Maquba ezingadini kutshulwa uthamatisi, aletisi, izaqante nowanyanisi. Umbila uyavunwa, kuthi futhi ekupheleni kwenyanga kuthenwe imithi kuze kufike enyangeni elandelayo uHlangula.

Ngo Hlangula umbila usuke usavunwa, kodwa kuphela ngesonto lesithathu imvama besekudedelwa izinkomo zide.

8 Amasimu akuvamile ukuba abendawon e ngoba nawo anda ngo kwanda kwabantu bomuzi lowo noma kungenjalo nabo bazama ukukhetha izindawo e inonileyo. Amanye aba seduze nomuzi amanye abekude impela. Abantu amasimu bawanikwa umnumzane womuzi egameni lo Mnumzane noma induna yesifunda lesi nayo fu thi igameni le Nkosi yesizwe lesi abakusona. Lokhoke kusho ukuthi laba bobathathu bayahlangana ngaphambili kokuba umuntu ayilime insimu leyo azonikwa yona.

Indoda noma iganimwe noma ingaganiwe iyanikwa insimu. Amasimu abantu asebe yanikwe kudingeka anela amakhosikazi anawo abemabili nomathathu omunye ngoba mancane futhi nenzalo yakhe iyo- kwabelana wona. Nendodakazi noma ingakegani iyanikwa insimu. Abantu banalo ilungelo lokushintshana ngamasimu njengoba befisa mhlambe kwesinye isikhathi omunye nomunye wakhe eduze kwamasi- mu omunye. Ukuze bangalokhu bexabana baya shintshelana amasimu.

Banelungelo ngokumthetho ukuthendisa abakuzuzilo emasimini abo nje ngezifiso zabo.

Amasimuke ayifa lendodana, indodakazi ayinalo ifa lamasimu ngaphandle kokuba uyise echaze engakafi, izwe lingaze lathathwa ngaphandle kwenkokhelo ethile kubaninilo, ukuza nabo phela baphile kudingeka bacolwe/ ngakho kuthathwa ~~kwes~~ kwezwe.

9 Kodwa uma indawo leyo ingasetshenziswa umniniyo akanalungelo kuyo a, isenokuthathwa yinkosi uma ibonakala iseqed. Ininyaka emibili noma em thathu. Akekhoke umuntu olahla izwe noma amasimu akhe angaphandle kokuba ebesemuka kuleyo enkosi eseya kwenye.

Izindlela zokubona ukunona kwenhlabathi yokulima ziningi: Ab nye babona ngotshani obukuleyondawo, abanye bayabula, babnye bayibona ngobufelo eyibanabo utshani, ingebiyilo futhi igenya. Nezinyanga zokubula futhi ziyasho uma ibonakala ingalungile ekubuleni kwazo. Ukukhetha insimu akukhethile kodwa imvama

yakho k'eniwa amadoda awakwaziyo ukulima kanti nezife zekhethwa amakhosikazi awakwaziyo ukulima.

Kukhona izingadi ezomile ezinesidaka aniselwayo amasimu atshalwa umbila njalo nje kanye nawatshalwa ugwayi (esigwayini) Zonke lezingadi zigqavile esifundeni sase Msinga.

Izingadi noma amasimu ensaho akhonalapho kutshalwa khona imifino nezinye izithelo ezivumayo. Kuniselwa ngonisele ovela esinzibeni esanibiwa ebusika. Uma kuqalwa insimu entsha ngamadoda kuyashiswa futhi noma kungashiswa kulinye una kukhona amatshe akhishwe. Invama yamasimu ayibiyelwe ngoba kuyeluswa abafani

10

Uma sekuvuniwe kudedelwa izinkomo zidle. Ngaphambili kokuba kulinye amasimu alabo asebebekile ayaphendulwa kabili noma kathathu. Ayakho insimu elalayo ingalinywa ngoba amasimu mancane kunabantu.

Amasimu awashintshwa ngezintshalo ngoba amasimu emancane futhi umbila udingeka kukhula kunazozonke izintshalo, kuvamile ukuthi umntu yonke imnyaka atshale umbile amabele, ubontshisi, izindumba, amabece kanye namathanga.

Imbewu iyakethwa ebekwe endaweni eyomile umbila ulengiswe emqadini wendlu ebaswayo ukuze womekahle, ungaphehlwa yimpehla. Imbewu iyelashwa ngokuchelwa ngolunge nangeqivaningi neminyombi yezimpuzi ezintsha. Yonke lemithi nokwenziwa kwayo kuholakala enyangeni yezulu yakwa Thusi, ibiza ngokuthandakwayo.

Ukutshala kuqala ngezivula ezinkulu zokuqala ku Mwaba, kwesinye isikhathi inkosi iyabeluleka abantu ukuthi mabatshele ngoba nayo ithole ulwazi oluthile kubelungu noma izinyangeni zayo zokubula.

Kutshalwa ngezindlela eziningi impela, ezinye aziqondakali kahle ngisho nanamhlanje ngoba abanye batshala phakathi kwamabili, konke lokho bakwenziwa inyanga okuyiyona izobakhombisa ebusuku.

11

Nazike ezaziwayo: Ukuwisa uhlamvu emuva kwezinkabi, ukusakaza umbila insimu yonke ezolinywa, ukutshala ngomshini wokutshala.

Ukutshala kulula kakhulu kulabo aba no budlelwano ngoba basizana ka, Invama lapha baya tshalisana aku ho ukuzi tshalela wedwa. Amadoda okungu kuthi bonke abesilisa nabesifazana baya

ba ya sizana, omakhelwane nezihlobo nabo baphonsa izandla kulomsebenzi. Naboke abasizi abesule izandla umnininsimu noma ngani angase abakhohlise ngayo ngomsebenzi wabo. Kwesinye isikhathi bayaphoqeka abantu ukuthi basebanzisane, uma kunjalo lowo msebenzi awunonisi muntu. Amasimu eNkosi wona asizwa ukuba kwenzile utshala kubuthanwe ukuza wona atshalwe ngelanga noma ngesikhathi esifanele.

Ukuhlakula: Amasimu ahlekulwa njalo ukuze ukhula lungabi namanola phezu kwesithelo lesa noma kuthathu nakane ngonyaka. Ukuhlakula ngomthetho wakwazulu ngokwabesifazane bodwa kodwa sekugqalile ukuthi kube ngokwabesilisa ezinda eni esezemukele imimpuluzeko yokuhlonipha isimo so muntu wesifazane njengoba kunjalo. Ukuhlakula kwenziwa ngegeja noma ngo msheshane umshini wokuhlakula phela. Abanye balulima nangalo igeja lezinkabi, baluncamu le nangezandla uma luseluncane.

12

Ukulinda, ukudla ngokubiya ukuze izinkomo zingangeni uhungisele insimu yakho ukuze izinyoni, izinkuabi, izinyamazane kanye namasela kungangeni. Uma wonke noma izikhathi nje kuphela.

Abantu abalinda o bona baqala ukuphuma kangelanga lize lishona futhi. Bakhelwa izindlu zabo khona emasimini ikakhulu ngo Lwezi izinyoni sezihlupha.

Ukuze izinyoni zesabe ukungena ensimini kulengiswa izindwedwe ezifana no muntu, kushinqiswe nge mfusaaba nenunye imithi ethothobalisayo ebizwa ngokuthiwa abathothobali nabaphaphi ivimela noma yini engenayo ensimini.

Uma amasela eba kuyaye kuthathwe uhlanga lapho ekhe khona luyiswe enyaneni noma ize yona izolwelapha, kwezinye isikhathi bantshope noma bamvuvukalise kanti abanye baye mdlulisa amwazi ukuthi ebe nje noma ebekiwe.

Miningi ke imithi esetshenziswayo eminye iyashungisiwa edingeni eminye iyachelwa emsimini ukuthi uma zikhala izitshalo zayo zithele kakhulu futhi zande impela. Umlunge neqeaninge ngeninye yayo. Eminye imithi yenzelwa ukuthi izitshalo zikwazi ukusheshe ukuvuthwa kanti eminye futhi ivimbela nezulu elibi linesichitho lingangeni ensimini lizungeze.

13

Ukuvuna, kuqalwa ngombasa umakusheshile kanti umabila namabele khona kuqalwa ngo Magyba, umabila ususwa izinhlangothini

13  
cont.

kususwe amakhasi amabele wona ayasikwa kuthathwa izihloko kuphela lezo ezinamzimba. Loke kuse ngumsebenzi wamakhosikazi nanxamadoda ambalwa esewenza, iningi alikanaki ngawo.

Abanye benza izibongo ezithile ngokudla abakutholile, bahlabane nezinkomo. Lokhuke umuntu ekwenza ngoba esezwane neNduna yesifunda lesa okusona. Omakhelwana bayasiza ngotshwala inyama ethile engekhethele igiswe eNduneni base kuthi esele edliwe, no kudla njenga mabele enziwa njalo umuntu uma ewatholile uyisela iNkosi isaka no usakazane nomangaphezulu kuthi okusele akuyise ekhaya kwakhe sekubuliwe kuthuthwe ngezinkabi noma ngamakhanda ekhaya sekuzokwabelwa umuzi lowo njengoba kufanele.

Ukubekwa kwawo amabele ahlala esilulwini noma engodini ombiwa esibayeni wesangcobe, kuxutshwe nomlotha ukuze kengaboli, umgodi lo walisiswe kungangeni umoya.

Sekuzolekuhlolwa nje, mhlanbe kungaze kaphela uny ka noma iminyaka emibili uma umgodi washiswa kahle mhla ushiswayo, laphake kuthola ukudla okumnandi abathi wangcobe.

END S.606